Ukukhiqizwa kwembewu egunyaziwe

Emva konyaka wezinkulungwane ezimbili namashumi amabili nantathu (2023) angeke kuvumeleke ukuthi amasimu atshalwe ngembewu engahambisani nemithetho yeMboni futhi yangunyazwa iKomiti leZifo neziNambuzane nokuKhiqizwa kweziNhlobo zoMoba.

UMOBA OTHUNYELWA ESIGAYWENI/EMSHININI

- Umoba otshalwe ngembewu egunyaziwe
- Uthunyelwa esigayweni kuphela

IMBEWU EGUNYAZIWE

- Fuze insimu ilaliswe okungenani izinyanga eziyisishiyagalolunye (9), eziyisithupha (6) zazo kube ukuthi ibingatshaliwe umoba.
- Uma ilalisiwe: “ukulima ngokuncane” kanye nezitshalo ezikhulela phansi ezinamaqabunga amakhulu zingatshalwa.
- Insimu kumele ihlolwe ithimba leZifo neziNambuzane ezinyangeni ezintathu (3), eziyisithupha (6) kanye neziyisishiyagalolunye (9).
- Kumele kutshalwe imbewu eqinisekisiwe kuphela.
- Ukuhlolwa kwezifo kanye nezinhlobo ezingadingeki zomoba okunzulu okungahleliwe yithimba leZifo neziNambuzane fuze kwenziwe okungenani kabili umoba ungakabi nezinyanga eziyisithupha (6).
- Ukuhlolelwa isifo uMbasha (RSD) kwenziwe ezinyangeni eziyisishiyagalolunye (9).
- Ukuhlolelwa isihlava i-Eldana kwenziwe ngaphambi kokuhlahla.
- Imbewu izogunyazwa emva kokuphasa konke lokuhlolwa okubalulwe ngenhla.
- Le mbewu ingasetshenziswa ukutshala amasimu azogawulwa athunyelwe esigayweni.
- Itshalo kanye nehlumela lokuqala kuphela elingasetshenziswa njengembewu egunyaziwe.

IMBEWU EQINISEKISIWE

- Imbewu eqinisekisiwe isuke ikhiqizwe kwinkulisa-mbewu ebhaliswe ngaphansi kweKomiti leZifo neziNambuzane.
- Kungaba izingoqo eziphekiwe.

KUNGANI KUMELE UTSHALE INKULISA-MBEWU EGUNYAZIWE?

- Ukuqinisekisa ukungabibikho kwezifo kanye nokuthola uhlobo oluyilo lwembewu ozoyitshala.
- Izinkulisa-mbewu ezisemapulazini zisetshenziselwa ukwandisa imbewu eqinisekisiwe ukuze inani libe liningi lanele ukutshala amasimu azogawulwa athunyelwe esigayweni.

OKUBALULEKILE:

- Bhalisa amasimu alalisiwe kwabeZifo neziNambuzane ngaphambi kokuba kuqale izinyanga eziyisishiyagalolunye (9) zokulalisa insimu.
- Izitshalo ezikhulela phansi ezinamaqabunga amakhulu kuphela ezingatshalwa uma insimu isalalisiwe.
- Imbewu egunyaziwe akuyona imbewu eqinisekisiwe.
- Imbewu egunyaziwe ivumeleke ukusetshenziswa noma ukudayiswa uma izotshalwa emasimini azogawulwa athunyelwe esigayweni kuphela.
- Umoba ozothunyelwa esigayweni akumele usetshenziswe noma udayiswe njengembewu egunyaziwe.

SASRI
SOUTH AFRICAN SUGARCANE RESEARCH INSTITUTE

Usuku: uNhlolanja 2021